# IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuphendula imibuzo.

2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI

   ISIQEPHU A: Umdlalo (Kusa kusa) (35)

   ISIQEPHU B: Umdlalo (Icala kaliboli) (35)

3. Phendula YONKE imibuzo kuleli phepha.

   ISIQEPHU A: UMDLALO (KUSA KUSA)

   ISIQEPHU B: UMDLALO (ICALA

4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni le mibuzo.

5. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.

6. QALA ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA

7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

   OKUQUKETHWE:
   Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| ISIQEPHU A: UMDLALO KUSA KUSA<br>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu. | | |
|---|---|---|
| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | AMAMAKI | IKHASI |
| *1. Kusa Kusa* | 35 | 3-5 |
| ISIQEPHU B: UMDLALO<br>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu. | | |
| *2. Icala kaliboli* | 35 | 11-14 |

## ISIQEPHU A: UMDLALO

### UMBUZO 1: Kusa Kusa -S.P NHLEKO

**Funda IZIQESHANA EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.**

### ISIQESHANA A

(Kusemqashweni ekamelweni likaNomcebo. Kuhleli uVusi noNomcebo. UNomcebo uyapheka kanti uVusi uhleli esihlalweni, ulinde uZenzile.)

NOMCEBO: (Ngomoya ophansi.) Kuhamba kanjani kodwa Vusi? Lutho namanje amatoho?

VUSI: (Ngamahloni) Kusemnyama namanje Nomcebo. Akukahlangani lutho.

NOMCEBO: Akukho nje ngisho nalapho benithembisa khona?

VUSI: Nalapho ababesithembise khona sekubhedile. Kuthiwa isiyathutha inkampani ngeviki elizayo.

NOMCEBO: Hawu! Naba nebhadi bo.

VUSI: Kwezinye izindawo bavele basibuke nje. Bangasho noma umsebenzi ukhona noma awukho.

NOMCEBO: Kwanzima-ke nokho. Manje wena ucabanga ukwenzenjani?

VUSI: Heyi, angazi Nomcebo kumnyama ebusweni benkawu.

NOMCEBO: Bekezela mfowethu **akulahlwa mbeleko ngakufelwa**.

VUSI: Kunjalo impela. Khona kumele ngibekezele, kuyoze kulunge.

NOMCEBO: Ngithi angikulume indlebe. Ngizwe bexoxa etekisini ebengiligibele bethi kufuneka abantu abafuna umsebenzi.

VUSI: Kuphi kodwa Nomcebo ngivukele khona kusasa lokhu?

NOMCEBO: Kuthiwa kufuneka abantu egaraji likaphethiloli.

1.1 Bakuphi laba abaxoxayo esiqeshini esingenhla? (1)

1.2 Chaza inkinga eyayibhekene noVusi kulo mdlalo? (2)

1.3 Ngamaphuzu AMABILI, chaza ukuthi kungani( why) uVusi engummeleli kulo mdlalo. (2)

1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo, Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile emshweni ongezansi sichaza ukuthi:

Bekezela mfowethu **akulahlwa mbeleko ngakufelwa** .Kuchaza (2)

A. Lahla ithemba.
B. Ungalilahli ithemba.

C. Likhulu ithemba.
D. Ukuqinisa ithemba.

1.6 Iluphi usizo(what help) uNomcebo alunika uVusi esiqeshini esingenhla. (2)

1.7 Chaza laba balingiswa ngephuzu ELILODWAnjengoba beveziwe kulo mdlalo.

(a) USebenzile (1)

(b) USenzo (1)

(c) Mxolisi (1)

1.8 Hlaziya (analayse) le noveli ubhekise kulokhu okulandelayo:

1.8.1 Isingeniso. (2)

1.8.2 Isizinda senkathi . (2)

1.9 Tomula umusho esiqeshini okhombisa ukuthi uVusi uzimisele ukubekezela. (2)

1.10 Bhala amagama abantu ABABILI abaqashwa egalaji ngalela langa. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

(Emva kwezinsukwana esibhedlela. Ewodini kukhona uZenzile noSebenzile. UZenzile ulele embhedeni kanti uSebenzile uhleli eduze kwakhe.

ZENZILE: (Eciphiza izinyembezi.) Kodwa Sebenzile ngizoba yini nje emhlabeni njengoba ngingasakwazi nokuzihambela?

SEBENZILE: (Ngomoya ophansi.) Qina idolo mngani wami. Akusiwe wedwa ozohamba ngesitulo esinamasondo. Baningi kabi, futhi baphila kahle nje abankinga. Abanye bayabadlula ngisho nalabo abazihambelayo.

ZENZILE: Ugogo uzothini nje uma engibona senginje nokwenza uyazitetemela.

SEBENZILE: Siyazifanela nje nawe ngoba nami ngisalindile ukuba ngiyonqunywa ingalo.

ZENZILE: Kusho ukuthi sobabili sesinokukhubazeka. INkosi impela ikusasa alaziwa. Ngangingazi ukuthi kuyoke kube nje empilweni yami.

SEBENZILE: Sonke Zenzile asilazi ikusasa ukuthi lisiphatheleni.

ZENZILE: Baphi nje oMxolisi benoSipho? Abezanga ngisho ukuzosibona.

1.12 Yini eyenzeke (what happen) kulaba abaxoxa esiqeshini esingenhla? (1)

1.13 Obani ABABILI abafika esibhedlela bezobona uZenzile no Fakazile. (2)

1.14 Babeyaphi laba oZenzile noSebenzile njengoba belimele? (2)

1.15 Ingozi bayizwaphi oFakazile noNomcebo? (2)

1.16 Mxolisi wayehamba ngahlobo luni lwemoto? (2)

1.16 Isihloko salo mdlalo sihambisana kanjani nokwenzeka kulo mdlalo. (2)

1.17 Ikuphi okwenzeka esiphethweni( at the end) salo mdlalo ebesingakulindele (unexpectect). (2)

1.18 Isiphi isifundo (Lesson) osotholile ngokufunda lo mdlalo. (2)

**[35]**

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 2 :ICALA KALIBOLI – VM Mbhele**

**Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**ISIQESHANA C**

| | |
|---|---|
| **(KukwaMaNsibande. Kusanda kungena uSonto noNhleko )** | |
| MANSIBANDE | : (*Ngokumangala*) Sanibona Sonto, kwenzenjani? Wafika nabantu boMthetho? |
| NHLEKO | : Ungethuki Nkosikazi. Mina ngingumseshi uNhleko. Kasizile ngobubi . Sidinga usizo lwakho nje, esethemba ukuthi sizoluthola. |
| MANSIBANDE | : (*Esathukile*) Mina nginguMaNsibande. Kwenzenjani? |
| NHLEKO | : Siyadabuka ukukwazisa ukuthi uMfundisi Zondo uhlaselwe, utholakale edutshuliwe, njengamanje ulimele kakhulu esibhedlela. |
| MANSIBANDE | : ( ***Ethwala izandla ekhanda)*** Hawu! Hawu! NgoMfundisi nkosi yami woneni nje, kubani? |
| NHLEKO | :(*Ngezwi elinozwelo*) Nathi sizwe ubuhlungu nkosikazi. Impela siyadabuka, sizwelana nani. |
| MANSIBANDE | :(*Esula izinyembezi emehlweni.)* Kodwa ngomfundisi pho! |
| SONTO | : Nami ivele nje yangethusa le ndaba ntombi. |
| MANSIBANDE | : Hawu! Kodwa ubangiswani uMfundisi? Kanti banjani abantu emhlabeni bakithi? Bambulala ebe enzeni nje uMfundisi? |
| NHLEKO | : Kusolakala ukuthi kumayelana nemali ngoba kukhona etholakele endlini lapho edutshulelwe khona uMfundisi. |
| MANSIBANDE | : Washo ngabona, kade befuna imali yomnikelo. Kodwa beyazelaphi ngoba indaba yemali ibiphakathi kwethu sobathathu? |
| NHLEKO | : E. Ngizodinga usizo lwakho-ke dadewethu.(*Ekhipha ibhukwana*) Ngingakubuza imibuzo embalwa? |
| MANSIBANDE | : Yebo, ayikho inkinga. |
| NHLEKO | : Umgcine nini uMfundisi? |
| MANSIBANDE | : Izolo ntambama. |
| NHLEKO | : Bekungaba ngubani isikhathi? |
| MANSIBANDE | : ( *Elokhu esula izinyembezi*.) Bese ligamagxile ihora lesikhombisa |

2.1 Bakuphi laba abakhuluma kulesi siqeshana esingenhla? (1)

2.2 Wabe esebenza msebenzi muni uNhleko? (1)

2.3 Unasikhundla (position) sini uMaNsibande esontweni? (1)

2.4 Bhala isibongo sikaMfundisi okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana osifundile ngenhla. (1)

2.5 Chaza isizathu sokuthi kubulawe uMfundisi kulo mdlalo? (2)

2.6 Le ndawo ekwenzeka kuyo lo mdlalo inomlando wobugebengu (history of criminal activities). Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.7 UMthofi wayeboshwe leni kulo mdlalo? (2)

2.8 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile emshweni ongezansi sichaza:

**Ethwala izandla ekhanda:**

A. Ethetha
B. Ekhala
C. Ejabula
D. Equleka (2)

2.9 Ngabe IQINISO noma IPHUTHA ukuthi imali yomnikelo yayivamisile (it was usual given) ukuhamba noMfundisi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI (2)

2.10 Ikuphi okwenziwa umlingiswa uSonto kulo mdlalo ukuze angasoleki (unsuspicious) emacaleni ayewenza? (2)

2.11 Chaza uhlobo lodweshu olwatholakala ngesikhathi uSonto ehlasela uMfundisi ebusuku. (2)

2.12 Ngamaphuzu AMABILI Chaza isingeniso salo mdlalo. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

| | |
|---|---|
| MBHELE: | Yini ngisole sengathi udinga ozokunika umfutho wokukhuluma nje sisi? |
| SONTO: | Umfutho wani manje Mphemba? |
| MBHELE: | (Ekhuluma kunyuke izwi) Hhayi bo! Kanti lowaya muntu akangenanga yini lapha endlini? |
| SONTO: | Hhayi bo! Uma usungithethisa kangaka izothini manje ingane? |
| MBHELE: | Nakhu ngigulelwa unkosikazi ephathwa izindlebe bo! Umbuzo wami uthi kanti lowaya mlisa akangenanga yini lapha endlini? Musa-ke ukungitshela indaba yoZinhle abazothini lapha. Ngiphendule-ke. Akangenanga umlisa wesibhamu? |
| SONTO: | Ungenile. |
| MBHELE: | Wafika wathini? |
| SONTO: | Kukhona amfunayo. |
| MBHELE: | Sonto, wakhulumisa okwengane nje? Chaza konke okufanele ngikwazi. |
| SONTO: | (Ekhuluma engazwakali) Hhayi, uthe kunabafana abajahayo, manje ubebheka ukuthi abangenanga yini lapha. |
| MBHELE: | Ukuze ilunge le nto ake ngithinte abomthetho bazoyilungisa yonke le nto.(Akhiphe iselula ephaketheni) |
| SONTO: | Cha! Sithandwa sami asikho isidingo. (Abambe isandla sikaMbhele esineselula) |
| MBHELE: | Yini indaba sengathi kukhona okufihlayo nje sisi? |
| SONTO: | (Ezikhalikhalisa) Akukho myeni wami. Ukuthi isibhamu saleya ndoda singithuse kakhulu. Ngisadidekile namanje ingakho kungathi angazi ukuthi kumele ngithini. Manje amaphoyisa azongibuza imibuzo eminingi. (Washo esikhihla isililo) |
| MBHELE: | (Afake iselula ephaketheni bese anga uSonto.) Ubungasho ngani sonke lesi sikhathi ngize ngikuthethise kangaka s'thandwa sami? |
| SONTO: | (Eciphiza) Ngisadidekile namanje Mphemba wami |

2.13 Bhala isithakazelo (clan name) sakwaMbhele esikulesi siqeshana esingenhla. (2)

2.14 USonto wathi uMthofi ubezofunani emzini wakhe. (2)

2.15 Tomula umusho osesiqeshini okhombisa ukuthi uMbhele ubona sengathi uSonto uyamkhohlisa (speaking lies). (2)

2.16 Chaza umehluko(diferentiant) phakathi kukaMaNsibande noSonto? (2)

2.17 Ngamaphuzu AMABILI ,Bhala okwenziwa uMthofi ukukhombisa ukungawuhloniphi umuzi kaMbhele. (2)

2.18 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 2.18.1 UToronto | A. Iphoyisa elihlakaniphile |
| 2.18.2 UMaNtuli | B. Uthanda ukukhuluma isingisi |
| 2.18.3 UNhleko | C. Isigwili sendawo. |
| 2.18.4 UZinhle | D.Umngani kaMthofi |
| 2.18.5 UMbhele | E. Wabulawa ngokudutshulwa |

**(5x1) (5)**
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**